Isifundo 8

**May 18–24*

Isikhathi Sokuba Ngumzali



ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

Gen. 18:11; Jer. 31:25; Mat. 11:28; Ihubo 127; Zag. 22:6;1 Sam. 3:10–14;Phil. 3:13.

Indimana Yekhanda:

“Bheka, abantwana bayifa elivela kuJehova, isithelo sesisu singumvuzo” (Ihubo 127:3, NKJV).

Kuzala yinto evamile, okuvame ukuba singavami ukuthakasela isimangaliso okuyiko. Cabanga indlela uEva azizwa ngayo lapho ephethe umntwana uKhayini ezingalweni zakhe. Izinguquko abanamava azo emzimbeni wakhe owawukhula ngalezozinyanga, ubuhlungu ngenkathi ebeletha, futhi nasekuboneni ingane encane, efana kakhulu nabo, kepha ingenakuzivikela. Yeka ke amava kaSara, eseminyakeni yo-90 esedlule kudala esikhathi sokuthola abantwana, ecabanga ebuka ubuso bendodana yakhe, uIsaka; kusenokuba wayehleka ngasosonke isikhathi ebiza igama lakhe. Ngemuva kokukhulekela ingane isikhathi esingaziwa, uHannah waphatha uSamuweli wathi, “ ‘Ngamkhulekela lo mntwana; uJehova unginikile lokho engakucela kuye’ ” (1 Sam. 1:27, NKJV). Ukumangala enhliziyweni kaMariya, eseyintombi, ephethe indodana yakhe, Indodana kaNkulunkulu, kuxubene ukumangala kanye nokwesaba.

Kusenjalo, akubona bonke ababanethuba, kanye nomthwalo, oza nokuba ngumzali. Kuleliviki sizochitha isikhathi sihlola isikhathi sokuba ngumzali kanye nezinselele, nokwesaba, nokweneliseka, kanye nenjabulo yako.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-May 25.*

Ubuzali Obunganamtwana

Funda u-Genesis 18:11, 30:1, 1 Samuel 1:1–8, noLuka 1:7. Yini efanayo kulababantu na? UNkulunulu wakuphendula kanjani ukulangazelela kwabo na?

Abantwana bayisibusiso. Kepha ngesizathu esithile uNkulunkulu akavamile ukubusisa wonke umuntu ngabantwana. Abanye babanethemba futhi bakhulekele umndeni, futhi ngomusa uNkulunkulu abanikeza ngokucela kwabo, Ngezinye izikhathi ngendlela emangalisayo, njengoba kwabanjalo kuSara; abanye nakuba izicelo zabo zinokuqiniseka okungakanani phambi kukaNkulunkulu zihlangabezana nokuthula okukhulu. Sonke isikhathi bebona abangani bedumisa uNkulunkulu ngokukhulekwa kwabo futhi bamukele izingane zabo, kudephisa isilonda lapho bebuka isidleke esingenalutho. Ngisho nemibuzo engelutho enjengokuthi "Bangakiabantwana onabo?" iba yisikhumbuzo esibuhlungu seqembu elikhethekile labo abangenabo abantwana abangangeni kulo, noma befuna ukuba yingxenye yalo.

Labo asebedlule kumava afana nalawa kumele bamukele ukuthi uNkulunkulu uyaluqonda usizi lwabo. Usuqoqe izinyembezi eziningi ebhodleleni lakho. Umhubi umemezela ukuthi, "Usizi lwami ulubalile wena; yetha izinyembezi zami egabheni lakho; zikhona encwadini yakho" (Hub. 56:8, NLT). Nakuba ebukeka ethule, "Njengoyise ehawukela abantwana bakhe, kanjalo uJehova uyabahawukela abamesabayo" (Hub. 103:13, NLT). Abanye abantu, kusenjalo, ngezizathu ezahlukene, bangakhetha nje ukungabi nabo abantwana. Othile angaqonda ezweni elinjengelethu eligcwele ukuhlupheka, ubuhlungu, ububi, kanti nengozi yenhlekelele, ukuthi kungani abanye benganquma ukungalethi abanye abantu kulo. Kwezinye izimo, abanye bangakhetha ukwamukela izingane kunoba babenezabo; ngaleyondlela bakhulisa abantwana asebekhona. Imvamisa babanikeze ithuba lempilo engcono kunaleyo ebebengase babenayo. Umhlaba wethu yindawo enzima, futhi kusenokuba sihlangane nabantu abayizinhlobo ezahlukene futhi ezimweni eziningi mayelana nokuba kanye nokungabi nabantwana. Kunoma yisiphi isimo esizithola kuso mayelana nodaba lwabantwana, singaphila nesiqiniseko sothando lukaNkulunkulu kithina kanye nesifiso Sakhe sokuhle Ekugcineni. Kusenjalo, futhi, njalo masikhumbule ukuba nozwelo kakhulu ngakulabo, nganoma yisiphi isizathu, abangenabo abantwana.

UJesu akazange abe nezingane okungeZakhe ngokwemvelo. Yiziphi izifundo, uma zikhona, esingazithola kuleliqiniso na?

Umzali Oyedwa

Enye into emangalisayo izwe elibhene nayo yileyo yabazali ababodwa, imvamisa kodwa hhayi njalo kube ngowesifazane ongumzali eyedwa. Ngezinye izikhathi sicabanga ngabazali abangayedwa njengalabo abathole ingane bengashadile. Nakuba Kunjalo, akunjalo sonke isikhathi. UHagayi waphoqwa ukuba abe nengane noAbrahama, futhi wayesephoqwa ukuba ahambe nengane yakhe (Gen. 16:3, 4; 21:17). UBathsheba wakhulelwa ngenxa yendoda eyeyinamandla(2 Sam. 11:4, 5). UEliya wathunyelwa esigdini saseSarepta ukuyosiza umama owayesele yedwa engumfelokazi(1 Amakhosi 17:9). Ngenkathi uJesu eseqala umsebenzi Wakhe, uJosefa, ubaba Wakhe ayemamukele, wayesafa, eshiya uMariya engumfelokazi nomzali eyedwa. "Ukufa kwakumehlukanise noJosefa, owayabelane naye ulwazi lwemfihlo ngokuzalwa kukaJesu. Manje wayengaseko ubani ayengabeka kuye amathemba akhe kanye nokwesaba kwakhe. Izinyanga ezimbili ezedlule zazidabukisa kakhulu."—Ellen G. White, *The Desire of Ages,* p. 145.

Ukuba ngumzali ngayedwa mhlawumbe ngomunye wemisebenzi enenselele enkulu umuntu angaba nawo. Iningi libhekana nezinkinga, njengokulawula izimali, ukubhekana nomunye umzali, noma nje ukuba nesikhathi sabo noma ukuchitha isikhathi NoNkulunkulu, bezibuza ukuthi boke bathandeke futhi.

Yiziphi izithembiso noma ngubani, kuhlangene nabazali abangabodwa, abangazithatha kwizindimana ezilandelayo: Jer. 31:25; Mat. 11:28; Jer. 29:11; Jer. 32:27; Zag. 3:5, 6; Isa. 43: 1, 2.

Thina njengebandla sinomthwalo wokusiza abazali abangabodwa. UJakobe wabhala, "Ukukhonza okumhlophe okungenabala phambi kukaNkulunkulu uBaba yilokhu ukuhambela izintandane nabafelokazi osizini lwabo" (Jakobe 1:27, NKJV). Othile angathayisela ngokwesimiso, "Kanye nabazali abangabodwa osizinilwabo, futhi." Usizo esingalunikeza akudingekile luze lube ngolwemali. Singabanikeza ikhefu ngokuthatha izingane zabo isikhashana ukuze bakwazi Ukwenza eminye imisebenzi, baphumule,

Ngaphandle kokwehlulela ngendlela abazithole ngayo sebekulesisimo, Yiziphi izinto eziqonde ngqo ongazenza ukukhuthaza kanye nokusiza abazali abangabodwa na?

Injabulo Nomthwalo Wobuzali

Funda Ihubo 127. Yimuphi umyalezo walelihubo elifushane na? Yiziphi izimiso ezibalulekile okumele sizithathele zona nangendlela esiphila ngayo na?

Uma ufisa ukupheka isidlo osithanda kunazo zonke, ulandela indlela yokwenza. Uma ufaka zonke izithako futhi ulandele zonke izinyathelo, esikhathini esiningi uthola imiphumela elindelekile. Ubuzali, nokho, abufani nokupheka. Ayikho ingane efana nenye, nakuba wenze konke okwenze kwezinye izingane, iyehluka. Lokhu kuba ngenxa yobulili bayo, ukuthi ikuphi ohleni lokuzalwa, isimo sayo, noma ezinye izizathu eziningi. Ohlelweni lukaNkulunkulu, abazali kumele bahole futhi bafundise izingane zabo ukumthanda nomkulalela Yena(Dut. 6:4–9, Hu. 78:5–7). Isiqondiso sikaNkulunkulu kubazali ngesoku "qeqesha ingane ngendlela okumele ihambe ngayo" (Zag. 22:6, NKJV), hhayi ukwengamela phezu kwabantwana ukuqinisekisa ukuba abazenzi Izinqumo ezingalungile.

Nakuba sifuna ukubona abantwana bethu bekhula ekubeni ngabangakwazi ukuzivikela, baye ekukwazini ukuzimela, babengabadala abanempumelelo, umthwalo wethu omkhulu ngowokuthi bazi, bathande, futhi bakhonze uJesu Kristu. Njengabazali, singalandela uhlelo lokukhulisa abantwana bethu kwezikamoya olubhalwe kuDuteronomi 6. Kunezinto ezine okumele zenziwe: Ukuba sazi "iNkosi uNkulunkulu wethu" (Dut. 6:4), ukuba simthande Yena ngokugcwele ngokusuka enhliziyweni(Dut. 6:5), ukuba Iwzi Lakhe libe yigugu(Dut. 6:6), nokuthi sabelane nabantwana bethu ngalokho esikwaziyo Ngaye(Dut. 6:20–23).

UDuteronomi 6 uqhubeka nokuhlinzeka izimiso ezimbili ezisemqoka. Esokuqala, isimiso "sokufundisa ngokukhuluma" (Dut. 6:7). Ukufundisa kubhekise emfundweni ehlelekile, ngenkathi ukukhuluma kubhekise ekuyaleni okungahlelekile. Kuzozombili izimo, ukukhuluma ngamaqiniso ebhayibheli kwenzeka esimweni sobudlelwane bomzali nengane. Izikhathi ezihlelekile zingenzeka ngesikhathi somkhuleko womndeni lapho sifunda Izwi likaNkulunkulu kanye nabo. Ukufundisa okungahlelekile kwenzeka kungalindelekile ezimweni zokuphila futhi kubaluleke kakhulu. Zonke izinsuku izigameko zingaba yindlela esebenzayo yokudlulisa iqiniso lebhayibheli (Gen. 18:19). Esesibili ngeso "kubopha ulobe" (Dut. 6:8, 9). Iqiniso lezikamoya kumele liboshelwe ezenzweni zethu ("isandla") Kanye nasekucabangeni ("ikhanda"), kodwa kumele futhi liqoshwe ezimpilweni zethu zangasese ("izinsika zomyango) kanye nezasemphakathini ("amasango"). Kumele lisuke ezinhliziyweni zethu lingene emakhaya ethu lisuke emakhaya ethu lingene ezweni.

Ubuzali Nokwenza Abafundi

Funda uGenesisi 18:18, 19 no 1 Samuwel 3:10–14. Qhathanisa lobobaba ababili. Yaba yini imiphumela yezindlela zabo zobuzali na?

Abazali banomthwalo wokwenza izingane zabo abafundi, ukuze babengabafundi bakaJesu nabo. Kunabazali abakholwa ukuthi indlela yokufundisa kanye nokulungisa abantwana ngeyokusebenzisa uswazi kakhulu(Zag. 22:15, 23:13, 29:15). Izahluko ezifana nalezi zisetshenziswe budedengu ukuhlukumeza abantwana Kanye nokubaphoqa ekuzinikeleni ngokuphelele, kodwa imvamisa Lokhu kuholele ekuhlubukeni kwabo kubazali nakuNkulunkulu.

IBhayibheli lifundisa abazali ukulawula ngobumnene (Efe. 6:4, Kol. 3:21)kanye nokufundisa abantwana ngokulunga(Hub. 78:5, Zag. 22:6, Isa. 38:19, Joweli 1:3). Njengabazali kumele sihlinzekele abantwana bethu (2 Kor. 12:14) futhi sibe Isibonelo Esihle sokuba basilandele(Gen. 18:19, Eks. 13:8, Titu 2:2). Sitshelwa ukuba silawule amakhaya ethu kahle(1 Tim. 3:4, 5, 12)futhi siyale abantwana bethu(Zag. 29:15, 17)Kunjalo futhi siveze uthando lukaNkulunkulu (Isa. 66:13, Hub. 103:13, Luka 11:11).

Ngokudabukisayo, iBhayibheli liveza izindaba eziningana zobuzali obungahambanga kahle. UIsaka noRebeka bathanda ngokwehlukana amadodana abo, uEsawu noJakobe (Gen. 25:28), futhi kamuva uJakobe wenza into efanyo ngoJosefa (Gen. 37:3). UEli, nakuba engumholi wezenkolo, wehluleka ukulungisa izingane zakhe (1 Sam. 3:10-14). USamuweli, naye owayekhuliswe nguEli, waba ngubaba osileleyo (1 Sam. 8:1-6). Inkosi uDavide, ngokuphinga kanye nokuyaleza ukubulala, wafundisa izingane zakhe ezalandela Isibonelo sakhe. Inkosi uManase wanikela kumadimoni izingane zakhe (2 Amakhosi 21:1-9), njengalokhu kwenza Inkosi uAhazi (2 Amakhosi 16:2-4).

Ngenhlanhla, nokho, siyathola futhi Ezibhalweni ezinye izibonelo zobuzali obulungileyo. UModekayi wabangumzali omangalisayo kuHadasa, Indlovukazi uEsteri (Esteri 2:7), futhi uJobe wayekhulekela izingane zakhe njalo (Jobe 1:4, 5). Kuzo zonke lezizibonelo, ezinhle nezimbi, singakhotoza isifundo zobuzali.

Yini esingayifunda kwizibonelo zobuzali esizibona eBhayibhelini na? Yiziphi izindlela esingasebenzisa ngazo ezinye zalezizimiso ekuxhumaneni kwethu nalabo abangezona izingane zethu na?

Ukulwela Indodana Yakho Yolahleko

Funda Izaga 22:6. Uyiqonda kanjani lendimana na? Ngabe Lokhu yisiqinisekiso, yisithembiso, noma ngucishe na?

Ngezinye izikhathi njengomzali wenza konke okumele ukwenze—uchithe isikhathi ufundisa abantwana bakho izinto Ezilungileyo, uphile ngokolwazi lwakho uNkulunkulu, ubathumele ezikoleni ezilungile, uye nabo enkonzweni njalo, ubeyingxenye kanye nabo kwezovangelo—bese begcina beyishiya inkolo obakhulisele kuyo. Izinga lobuhlungu likhulu kakhulu, futhi akukho ukuphumula emthwalweni wakho ngosindiso lwabo. Imbangela yalokhu akulona iphutha lomzali. Abantwana banengqondo yabo futhi Ekugcineni bazophendula kuNkulunkulu ngezenzo zabo. Abanye bathatha amazwi "kuyo lapho esekhulile angasuki kuyo" njengesithembiso, isiqinisekiso sokuthi ubuzali obufanele njalo buyoba nomphumela wokusindiswa kwengane yabo. Kodwa Izaga zivame ukusinikeza izimiso futhi hhayi izithembiso ezincikile. Esingakuthatha lapha kulendimana yisiqinisekiso sokuthi zonke izifundo ezifundwe ebuntwaneni zingezaphakade. Wonke umntwana ufike eminyakeni lapho amukela ifa labazali bakhe njengelakhe noma alilahle. Labo bazali ababeqikelele ekuhlinzekeni izingane zabo ngoqeqesho olungcwele banesiqinisekiso sokuthi lokho abakufundisa izingane zabo kuyohlala nazo, futhi uma noma ngenkathi izingane zihamba, imbewu abayitshale ezinhliziyweni zazo iyoqhubeka ibewubizo kuzo oluzibizela ekhaya. Ukuba ngumzali olungileyo kungukukhetha kwethu; ukuthi izingane zethu zibanjani kukuzona.

Yini okumele umzali ayenze ngenkathi ingane iphambuka na? Nikela izingane zakho kuNkulunkulu ngomkhululeko oqinisekile. Uma kukhoma obuqondayo ubuhlungu bakho, nguNkulunkulu, ozingane zakhe, ngezigidigidi, zimfulathele Yena, ongumzali opheleleyo. Ungabaphasa abalahlekile bakho ngothando nangomkhuleko futhi ulungele ukuma nabo lapho belwisana NoNkulunkulu. Ungabi namahloni okucela ukuphaswa kanye nomkhuleko, ungazilahli ngecala, futhi ungagxili kulowo olahlekile uze ukhohlwe ngamanye amalungu omndeni. Ukuba ngumzali walowo olahlekile kungawehlukanisa umndeni; ngalokho, yibani munye nomlingani wakho futhi nibeke imingcele esobala enganeni yenu. Khumbulani ukuthi uNkulunkulu uyithanda ingane yenu ngaphezu kokuba niyithanda nina, bukani ikusasa eliqhakazileyo, futhi namukele ukuthi ingane yenu ingumsebenzi kaNkulunkulu oqhubekayo.

Kuyimvelo ukuthi esimweni esinjengalesi ukuba uzisole. Futhi nakuba wenze amaphutha, kungani kungcono ukuba ubheke ikusasa kanye nezithembiso zikaNkulunkulu na? BukauFil. 3:13.

Umcabango Obanzi:

"Kumele uthathe isikhathi sokukhuluma kanye nokukhuleka nabancane bakho, futhi akumele uvumele noma yini ukuba iphazamise lesisikhathi sokukhuluma NoNkulunkulu kanye nabantwana bakho. Ungathi ezivakashini, 'UNkulunkulu unginikeze umsebenzi wokuba ngiwenze, futhi anginaso isikhathi sokuhleba.' Kumele ube nomuzwa wokuthi unomsebenzi wokwenza wamanje kanye naphakade. Isikweletu sokuqala somsebenzi wakho ngesabantwana bakho." —Ellen G. White, *The Adventist Home,* pp. 266, 267. "Bazali, kumele niqale isifundo senu sokuyala ngenkathi izingane zenu zisaphathwa ezingalweni zenu. Zifundiseni ukunikela Intando yazo kini. Lokhu kungenzeka ngokuqinisa isandla. Abazali kumele babenokulawula okupheleleyo phezu kwemimoya yabo, kuthi ngokuzotha okuhlangene nokuqina bagobe intando ize ifinyelele ekubeni ingalindeli okunye ngaphandle kokunikela izifiso zayo. Bazali ningaqali ngesikhathi. Lapho ukubonakala kokuqala kolaka kungakhuzwanga, futhi izingane zikhulazibe nenkani, eyandayo ngokukhula kwazo futhi iqine ngamandla azo." —Ellen G. White, *Testimonies for the Church,* vol. 1, p. 218.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1.Kuchaza ukuthini ukuba "ngumntwana" kaNkulunkulu na? Kumele siwuqonde kanjani lomfanekiso, futhi iyiphi induduzo esingayitomula kukho na?

2. Omunye ubaba, kungekudala zizelwe izingane zakhe, washo okulandelayo: "Ngifunde amaqiniso amabili emimyakeni embalwa yokuqala zizelwe izingane zami. Elokuqala yiqiniso lokuzikhethela; elesibili, iqiniso lesimo sesono." Ingabe zamfundisa kanjani izingane ezisencane lamaqiniso na?

3. Yisiphi isikhathi esifanele sokubumba intando yabantwna na? Kumele kwenziwe kanjani Lokhu na? Singayibumba kanjani intando yezingane zethu ngokwecebo likaNkulunkulu uma singazinikele ngokuphelele kweYakhe intando na?

4. Gxila kakhulu odabeni lobuzali obungabodwa. Yiziphi izindlela eziphathekayo ibandla okulo, lilonke, elingasiza ngayo abazali abangabodwa kanye nezingane abafuna ukuzikhulisa bebodwa na?

5. Yiziphi izindlela zokukhuthaza abazali ozinganezabo ziphambukile enkolweni na?